



### World Theatre Day 2013 Umyalezo Ka Dario Fo

Endulo Abaphathi benza isinqumo sokuthi bonke abadlali be- *Commedia dell'Arte* baxoshwe baphume baphele ezweni.

Namhlanje abadlali beshashalazi kanye nezinkampani zabo banenkinga yokuthola izindawo zokutshengisa imisebenzi yabo, ukuthola ababukeli kanye nokuthola izindawo zokusebenzela ngenxa yalesibhicongo.

Ngakho-ke abaphathi, abasazihluphi nakancane nje ngokuvimba labo abenza imisebenzi esakugxeka, ngoba vele akukho muntu obalalelayo.

Ngenkathi sokuqala kweRenaissance, kwelamaNtaliyana, labo ababesezikhundleni bazama kabanzi ukuvimbela imisebenzi ye-*zimbongi* njengoba yayithandwa kakhulu ababukeli abaningi.

Kuyaziwa futhi ukuthi ufuduko olukhulu kwabadlali be-*Commedia dell'Arte* lwenzeka ngalesikhathi sokuphikisana noshintsho, olwalushaya imithetho yokuba kubhidlizwe izakhiwo zokutshengisa imidlalo yaseshashalazini, ikakhulukazi e-Rome, lapho babebekwa amacala okuchukuluza nokungcolisa idolobha elingwele.

Ngonyaka ka-1697, uPhapha Innocent XII, ecindezelwa yizicelo zezicebi kanye nengxenye yabaphathi bezenkolo, kwakhishwa isinqumo sokubhidliza isakhiwo se-Tordinona Theatre, ababephathelene nezesimilo bathi babona kuyindawo ebonisa imisebenzi enokuhlambalaza.

Ngazo lezo zinsuku umfundisi u Carlo Borromeo wafunga wagomela ukuthi yena uzobahlenga abantwana base nyakatho ye iTaly lapho ayephethe khona ikakhulukazi esigodini sase Milan, abakhiphe emanyaleni ayenziwa yizimbongi.

Encwadini ayibhalela ayehambisana nabo, wabeka kanjena:

“Ngentshisekelo yokukhuculula ukhula olubi, senze ngokusamandleni ukuthi kushiswe zonke izincwadi eziqubethe izinkulumbo ezinehlazo ukuzesula ziphele nya emiqondweni yabantu, futhi sijeziwe kanzima labo abashicilela badalule ngaloluhlobo lwezincwadi. Kodwa kusobala ukuthi ngenkathi silele uSathane uvuke nedimoni lakhe wasebenza ngokuhlakanipha ngenye indlela. Into ebonwa ngamehlo igxila kakhulu ijule emoyeni kunento oyifunda encwadini! Lezinto ezikhulunywayo zenza umonakalo omkhulu ngokukhohlisa intsha ikakhulukazi amantombazanyana kunalamagama afundwa encwadini. Into esemqoka kakhulu manje ukuthi sikhuculule bonke abenzi bezobuciko beshashalazi emadolobheni ethu, njengoba senza kanjalo ngemimoya emibi engafuneki”.

Ngakho-ke ingxazululo yalenkinga ukuthi kuqguqguzelwe kakhulukazi intsha efuna ukufunda ubuciko bemidlalo yeshashalazi: ukuze abantu be theatre emhlabeni wonke bavune ngendlela ebonakalayo kulabo abafuna izinzuzo zoguquko.